



Tholakala ufunda nomndeni wakho!

Ingabe ukufunda kuyingxenywe yokuphila kwansuku zonke komndeni wakho? Uma kungenjalo, indlela ekahle kakhulu yokuqala wukuba ujoyine inhlangano yeTholakala Ufunda phakathi nenyanga kaMeyi, futhi usize izingane zakho zibone umlingo wezincwadi nezindaba. Izincwadi nezindaba zingasizisa sifunde ngabanye abantu, izilwane nezindawo ngaphandle kokuba size siphume ekhaya!



Get caught reading with your family!

Is reading part of your family's daily life? If not, a great way to get started is to join the Get-Caught-Reading movement during the month of May and help your children discover the magic of books and stories. Books and stories can help us to learn about other people, animals and places without ever leaving home!

Fundani nonke niwumndeni!

- ★ Ucwangingo oluningi lubonisa ukuthi lapho izingane zifunda ekhaya, zenza kangcono esikoleni.
- ★ Uma izingane zakho zithola ukuthi ukufunda kungaba yinto ejabulisayo nemnandi, zizofuna ukufunda ngokwengeziwe. Kungale ndlela ezingakha ngayo ubuhlobo bokuphila konke, nobanelisayo nezincwadi nokufunda.
- ★ Ukuba nesikhathi esikhethekile sokufunda ndawonye kwenza isibopho siqine phakathi kwamalungu omndeni. Futhi nizoba nezinto ezijabulisayo eningaxoxa ngazo phakathi nosuku.
- ★ Imindeni efunda nexoxa ngezincwadi eziningi ezihlukahlukene ifunda ngezindlela ezihlukahlukene zokucabanga, amasiko-mpilo ahlukahlukene kanye nokuziphatha okuhlukahlukene. Lokhu kusiza umndeni ubaqonde kangcono abanye abantu kanye nezindlela ezihlukahlukene zokwenza izinto.
- ★ Ukufunda kusiza ukuba sithole izinto ezintsha esizithokozisa ngazo, izinhlobo ezihlukahlukene zokudla esingakupheka sikudle, izindawo esingazivakashela, izindlela zokuxazulula izinkinga futhi kunganezela injabulo ekuphileni kwethu.



Get the whole family reading!

- ★ Many research studies show that the more children read at home, the better they do at school.
- ★ If your children learn that reading can be enjoyable and entertaining, they will want to read more and more. This is how they can build a satisfying, lifelong relationship with books and reading.
- ★ Having special time to read together makes the bond between family members stronger. You will also have enjoyable things to talk about throughout the day.
- ★ Families who read and talk about many different kinds of books learn about different ways of thinking, different cultures and different behaviours. This helps the family better understand other people and different ways of doing things.
- ★ Reading helps us to find new hobbies, different kinds of foods to prepare and eat, places to visit, ways to solve problems and can add enjoyment to our lives.

Yenza ukufunda kube yingxenywe yokuphila kwansuku zonke komndeni wakho

- ★ **Ukufunda ngokuzithandela.** Uma ufuna ukuba izingane zakho zifunde, zifundele wena – futhi uhlanganise umndeni wonke! Nqumani isikhathi sosuku esivumelana nawo wonke umndeni ukuba nijabulele ukufunda incwadi ndawonye. Bese, lokhu nikwenza nsuku zonke!
- ★ **Yibani yizibonelo.** Lapho izingane zakho zikubona ufunda njalo, zizofunda ukuthi ukufunda kubalulekile. Xoxa nezingane zakho ngokuthi yini oyifundayo.
- ★ **Ukuzethemba.** Ungathuthukisa ukuzethemba kwengane yakho ngokuyisekela nokuyikhuthaza ukuba ikufundele. Kujabulele ukuyilalela ifunda, ungayilungisi amaphutha, ngaphandle kwalapho icela usizo.

Make reading a part of your family's everyday life

- ★ **Willing readers.** If you want your children to read, read to them – and include the whole family! Decide on a time of day that works best for your family to enjoy a book together. Then, do this every day!
- ★ **Role models.** When your children see you reading regularly, they will learn that reading is important. Talk to your children about what you are reading.
- ★ **Confidence.** You can develop your child's confidence by supporting them and encouraging them to read to you. Just enjoy listening to them read, without correcting them, unless they ask you for help.

Ukuchitha isikhathi ufunda nomndeni wakho kuwenza wazi ukuthi uyawuthanda futhi uyawazisa. Yeka isikhathi esihle sokuqala umkhuba wokufunda niwumndeni ngale Nyanga Yokutholakala Ufunda!

Spending time reading with your family lets them know that you love and value them. What better time to start a family reading tradition than this Get-Caught-Reading Month!



Drive your
imagination



IMINYAKA EYI-10 YEZINDABA EZIMNANDI



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Sasinomcimbi weWRAD 2022!

Minyaka yonke kusukela ngo-2013, lapho siba nomkhankaso wethu wokuqala woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, iNal'ibali ibelokhi ihola phambili ezinguqukweni zokufundisa ukufunda nokubhala eNingizimu Afrika ngokukhuthaza abantu abadala ukuba bafunde nezingane zabo ngemikhankaso yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.



We had a party for WRAD 2022!

Every year since 2013, when we held our first World Read-Aloud Day campaign, Nal'ibali has been leading literacy change in South Africa by motivating adults to read with their children through its World Read-Aloud Day activities.

Ukugxila emindenini

Umgomo wethu njalo nje kwakuwukufinyelela izingane ezengeziwe ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale unyaka ngamunye. Ngo-2022, sashintsha ekugxileni ukufinyelela inani elikhulu lezingane sagxila ekufinyeleleni imindenini. Ucwango lubonisa ukuthi imindenini ebamba iqhaza ezinhlelweni zoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ikwenza umkhuba ukufunda nokwabelana ngezindaba futhi lokho kungasiza kunqamule umjikelezo wenhlupheko uma amalungu omndenini ekwazi ukufunda nokubhala.

Umgomo wethu wukubhalisa imindenini eyisigidi ezothembisa ukufundela izingane zayo njalo eminyakeni emithathu ezayo.

“Nakuba izikole zifeza indima ebalulekile ekufundiseni izingane imininingwane yokufunda, imindenini ifeza indima ebaluleke ngokufanayo ekusizeni izingane zithande izindaba nezincwadi.”

Ukufunda nokubhala kuqala ekhaya – ngolimi lwasekhaya

Kulo nyaka sabele uMabel Mnensa ukuba abhale indaba entsha ethi, *Umcimbi epaki*, enabalingiswa bakwaNal'ibali.

Ngenxa yokubaluleka kokuba umuntu afunde ngolimi lwakhe lwebele, indaba yenziwe yatholakala ngezilimi ezisemthethweni eziyi-11 zaseNingizimu Afrika kanye nangoLimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika kanye nangeBraille, ngenxa yokusebenzisana neSLED (Sign Language Education and Development) kanye neBlind SA, ngokulandelana kwazo.

I-Nal'ibali izama ukufinyelela kude ukuze yabelane ngemithombo yokufunda ngezilimi zebele nezingane eziningi kangangokunokwenzeka lapha ngaphakathi nangaphandle kwemingcele yaseNingizimu Afrika. Njengengxenywe yale ndlela yokwenza ye-Afrika yonkana, sihumushe nendaba yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngesiSwahili, isiShona, isiFulentshi, isiChichewa, isiPutukezi nesilangala futhi samema amazwe ase-Afrika angomakhelwane ukuba ahlanganyele nathi kulo mgubho.



Isikhulu Esiphethe Somsebenzi sakwaNal'ibali, uKatie Huston
Chief Operating Officer of Nal'ibali, Katie Huston

Our goal is to sign up 1 million families who will pledge to read regularly to their children over the next three years.

“Whereas schools play a key role in teaching children the mechanics of reading, families play an equally key role in helping children to fall in love with stories and books.”

Literacy starts at home – in the home language

This year we commissioned Mabel Mnensa to write a new story, *A party at the park*, which features the Nal'ibali characters.

Because of the importance of reading in one's mother tongue, the story was made available in the 11 official South African languages as well as in South African Sign Language and Braille, thanks to a partnership with SLED (Sign Language Education and Development) and Blind SA, respectively.

Nal'ibali is reaching out to share its reading resources in the home languages of as many children as possible within and beyond South Africa's borders. As part of this pan-African approach, we also translated the World Read-Aloud Day story into Swahili, Shona, French, Chichewa, Portuguese and Lingala and invited neighbouring African countries to join the celebration.



Umlobi wezindaba zabantwana eNingizimu Afrika, uMabel Mnensa
South African children's author, Mabel Mnensa

Ngokuveza ukubaluleka kokufundela izingane izindaba ezijabulisayo ngolimi lwazo lwebele nsuku zonke, sithemba ukuthi sizokhuthaza bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba basize ngokukhulisa izinga lokufunda lezingane, kungaba sekhaya, esikoleni noma emphakathini.



By highlighting the importance of reading enjoyable stories to children in their home language every day, we hope to encourage all South Africans to help grow children's literacy, whether at home, at school or in the community.



Drive your
imagination

Ukucabanga ngezinto ezenzeka ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2022



(ukusuka kwesobunxele) Isikhulu Esiphethe Somsebenzi uKatie Huston wakwaNal'ibali, uWantu Madonsela, uthishanhloko wesikole uM Mdekazi noProf. Thuli Madonsela eKayamandi Primary School eStellenbosch (from left) Nal'ibali's Acting Director Katie Huston, Wantu Madonsela, school principal M Mdekazi and Prof. Thuli Madonsela at Kayamandi Primary School in Stellenbosch



Izikhungo ezingamashumi amabili ze-Early Childhood Development amaPhrojekthi WaseKukhanyeni zigubhe Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.

Twenty of Ekukhanyeni Project's Early Childhood Development Centres celebrated World Read-Aloud Day



Zamambo MaGcwabe Shandu

Sifunda indaba esiyithole kwaNal'ibali. Ngikujabulele kakhulu ukufundela izingane zami futhi nazo ziyjabulele indaba.

Reading a story we got from Nal'ibali. I had lots of fun reading to my kids and they enjoyed the story.



Mbali Shabangu
@MbaliSh75980491

Emcimbini weWRAD, eGlenridge Primary School, abafundi babe nesikhathi esihle kakhulu befunda indaba ethi "Umcimbi epaki" ngezilimi eziyisi-5 ezifundiswa kulesikole. **#AllLanguagesAreEqual!**

Glenridge Primary School, WRAD event, the learners had a great time reading "A party at the park" in the 5 languages taught at school. **#AllLanguagesAreEqual!**



World Read-Aloud Day 2022 reflections



Abaletshi bezinhlanhla bakwaNal'ibali banezele enjabulweni yomgubho weWRAD

The Nal'ibali mascots added to the WRAD celebration excitement



Ekukhanyeni Project
@Ekukhanyeni

Izingane ezingu-551 ezivela eziKhungweni zethu zama-ECD ezingu-20 zahlanganyela nophathina wethu emikhankasweni yokufunda, ye@nalibaliSA, ukuzogubha Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Kwakujabulisa kakhulu ezinganeni zethu nakothisha ukwabelana nomhlaba wonke ngesikhathi esikhethekile sezindaba.

551 Little Ones from 20 of our ECD Centres joined with our literacy partner, @nalibaliSA, to celebrate World Read Aloud Day. It was such a delight for our kids and teachers to share special story time with the world.



Prof Thuli Madonsela #SocialJustice
@ThuliMadonsela3

Namuhla yi @nalibaliSA#ReadAloudDay.

Akwephezile kakhulu ukuba unike ingane incwadi. Yikhethe ngokucophelela ukuqinisekisa ukuthi wakha #ukuzethemba, #ukuzimela, #isibindi, #uzwela, ukuthembela nakwabanye kanye nezinye izici ezakha #ubuntu bengane.

Today is @nalibaliSA#ReadAloudDay. It is not too late to give a child a book. Choose the book carefully to ensure you build the child's #selfesteem, self-reliance, #courage, #compassion, interdependence and other #ubuntu dimensions of character



Unyaka ngamunye ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, abakwaNal'ibali bakhumbuza wonk'umuntu ohlala eNingizimu Afrika nangale kwemingcele ngezinzuzo zokufundela izingane ngokuzwakalayo. Niye nasisiza sasabalalisa uthando lwezindaba nokufunda ezinganeni ezengeziwe unyaka ngamunye.



Each year on World Read-Aloud Day, Nal'ibali reminds everyone who lives in South Africa and beyond about the benefits of reading aloud to children. You've helped us spread a love of stories and reading to more and more children each year.



Drive your imagination

Veza ubuciko bakho!

Unyaka ngamunye ngeSonto lesibili likaMeyi, sibungaza indlela omama ababaluleke ngayo ekuphileni kwethu. Hlanganyela nathi ekwenzeni ikhadi elikhethekile labanakekeli abangabantu besifazane ekuphileni kwethu, ukubonisa indlela esibathanda nesibazisa ngayo. Nayi indlela yokulenza:

Yenza ikhadi Losuku Lomama Make a Mother's Day card



Isinyathelo 1 Dweba izimbali ezime ngokwahlukahluken ezigucwini zamaphepha nezendwangu. Sika lezi zimbali uzibeke eceleni.

Step 1 Draw different flower shapes on scraps of paper and fabric. Cut out the shapes.



Isinyathelo 3 Songa ikhasi elihlanzekile lephepha libe nguqhafu ukuze wenze ikhadi loSuku Lomama. Faka i-glue kuyibhulokho lekhatoni ngemuva kwembali ngayinye kuphela bese unamathisela izimbali zakho ngaphambili ekhadini lakho.

Step 3 Fold the clean sheet of paper in half to make a Mother's Day card. Put glue on the cardboard block on the back of each flower only and paste your flowers on the front of your card.

Get creative!

Each year, on the second Sunday in May, we celebrate how important mother figures are in our lives. Join us in making a special card for the women caregivers in our lives, to show how much we love and appreciate them. Here's how:



Uzodinga: ikhasi lephepha elihlanzekile, izicucu zendwangu nephepha elinemibalabala noma elibhaliwe, ikhatoni, isikele, nama-koki (amapeni okudweba) amibalabala ne-glue.

You will need: a clean sheet of paper, scraps of fabric and coloured or printed paper, cardboard, scissors, coloured kokis and glue.



Isinyathelo 2 Sika amabhulokho amancane ekhatoni bese unamathisela ngalinye ngemuva kwembali ngayinye.

Step 2 Cut out small blocks of cardboard and paste one on the back of each flower.



Isinyathelo 4 Sebenzisa ama-koki akho amibalabala ukudweba isiqu sembali ngayinye sehle siyofika ezansi kwekhasi. Ngaphakathi kwekhadi, bhala umyalezo oya kumama wakho okhethekile, noma utshale umuntu othile ukuthi akubhalele ukuthini.

Step 4 Use your coloured kokis to draw a stem from each flower to the bottom of the page. Write a message to your special mother figure inside the card, or tell someone what to write for you.



Khulisa ilayibrari yakho. Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.




Drive your
imagination



Ngabhaka umfowethu onamhlo
aluhlaza. Inhliziyo yami yayigcwele
mfi. Kodwa izandla zami
zazingenalutho.
Nganginomgexo wentambo
entanyeni yami
owawunetshhe eliluhlaza
okwesibhakabhaka
engangiwunikwe ubaba.
Ngawufaka entanyeni
yomfowethu futhi
ngathi usale kahle.

I looked for my brother
with the green eyes. My
heart was full. But my
hands were empty.

I had a string around my neck with a bright blue
stone that my father had given me. I put it around
my brother's neck and I said goodbye.



Ngolunye usuku entathakusa, omama bethu beza
bezosivusa. Sezwa ukuhlabelela nokushawuda. Isimo
savela sashintsha saba mapeketwane. Omama bethu
basitshela ukuthi sivuke futhi sibalandele.
One day at dawn, our mothers came to wake us.
We heard singing and shouting. Our world turned
upside down. Our mothers told us to get up and
follow them.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion



Ukuze uthole eminye imininingwane sicela uthumele i-imeyili ku-
info@heartlines.org.za noma ushayele ucingo ku-(011) 771 2540.

For more information please email info@heartlines.org.za
or phone (011) 771 2540.

Yenza indaba ibe mnandi!

- ★ Dweba isithombe sekhaya lakini noma esento ethile ekukhumbuza ikhaya lakini.
- ★ Bhala uhlu lwezinto eziyisi-5 ezibaluleke kakhulu ongazithatha uhambe nazo uma kungadingeka uhambe ekhaya kungazelelwe.
- ★ Yenza umgexo ongakhumbuza omunye umuntu ngawe. Sebenzisa izinto ozithola lapho ukhona: intambo, uvalo, ubuhlalu nezinto ezincane zokuhlobisa noma amathoyisi onawo.

Get story active!

- ★ Draw a picture of your home or of something that reminds you of home.
- ★ Write a list of the 5 most important things that you would take with you if you had to leave home suddenly.
- ★ Make a necklace that would remind someone of you. Use materials that you find around you: string, wool, beads and small ornaments or toys that you have.

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko
lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole
eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org
noma ku-www.nalibali.mobi



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark and embed a culture of
reading across South Africa. For more information,
visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Abantu abangaziwa ezweni elikude



Strangers in a faraway land

Deborah Ewing • Sebastien Quevauvilliers

Imibono okungaxoxwa ngayo: Ziyini ezinye izizathu zokuba abantu bahambe emakhaya akubo bayohlala ezweni elikude? Ungazizwa kanjani uma kudingeka uhambe ekhaya uyohlala ezweni elikude? Yini engakwenza uzizwe kangcono ngokuhlala ezweni elikude?

Ideas to talk about: What are some reasons why people leave their homes to live in a land far away? How would you feel about having to leave home to go and live in a faraway land? What would make you feel better about living in a land far away?



Sahamba sisuka ezweni elikude elase Iyikhaya
Iethu, saya ekhaya lakithi elase Iyizwe elikude.
Abantu abangaziwa base bexoshiwe. Izwe
engazalelwa kulo lase Iiphinde laba ngelethu.
We travelled from the faraway land that had
become our home, to our home that had become a
faraway land. The strangers had been chased away.
The land of my birth was ours again.

Ngathola umfana ehleli esitebhisini sami.
Wayenamehlo aluhlaza.
“Myeke ahlale,” kusho indodana yami futhi
yalethela lo mfana ukudla.
“Ungalala lapha,” ngisho, “kodwa kusasa
ekuseni kumele uhambe.”
Ekuseni umfana wayesehambile. Esitebhisini,
kwakunetshe nje kuphela eliluhlaza
okwesibhakabhaka.

I found a boy sitting on my step. He had
green eyes.
“Let him stay,” said my son and brought the
boy some food.
“You may sleep here,” I said, “but in the
morning you must go.”
In the morning the boy was gone. On the step,
there was only a bright blue stone.




Our mothers and fathers worked beside the
mothers and fathers of the faraway land. Our
mothers and fathers worked with a faraway
look in their eyes. Their hands worked
the earth in front of them, but their hearts
yearned for the earth they had left behind.

Omama bethu nobaba
bethu basebenza eceleni
komama nobaba bezwe
elikude. Omama bethu nobaba
bethu basebenza benamhlo abonisa
ukuthi bavela kude. Basebenza umhlaba
owawuphambi kwabo ngezandla zabo,
kodwa izinhliziyi zabo zazilangazelela
umhlaba ababewushiyi ngemva.

Kwathi ngesinye
isikhathi sokwesaba
nosizi, izingane
zasendaweni yakithi
zavuswa isigubhukane
ebusuku. Sezwa
ukumemeza nokushawuda.
Isimo savele sashintsha saba
mapeketwane. Kwaqhamuka
imibani nokuduma phansi emhlabeni
kanti umlilo wavela esibhakabhakeni.

Once upon a time of fear and sorrow, the children
of my village were woken suddenly in the night.
We heard screaming and shouting. Our world
turned upside down. Lightning and thunder came
from the ground and fire came from the sky.





Mum and Dad come back with Grammy.



UMama noBaba babuya noGogo.



Yenza indaba ibe mnandi!

- ★ Dweba isithombe sendlu eyinqaba noma isakhiwo ongacabanga ngaso. Yakhiwe kuphi? Yakhiwe ngani?
- ★ Yisho amagama emidlalo wena nomngane wakho omkhulu enithanda ukuyidlala.
- ★ Yakha indlu encane. Zama ukunezela imininingwane eminingi kangangokunokwenzeka, njengamawindi neminyango. Sebenzisa ibhokisi lamakhathoni nesikele ukuze usike amawindi nomnyango. Hlobisa lo muzi wakho ngezinti, amatshe, udaka nezicucu zamapulasitiki.

Get story active!

- ★ Draw a picture of the strangest house or building that you can think of. Where is it built? What is it made of?
- ★ Name the games that you and your best friend like to play.
- ★ Build a small house. Try to add as many details as possible, such as windows and doors. Use a cardboard box and a pair of scissors to cut out windows and a door. Decorate your home with sticks, stones, mud and bits of plastic.

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



Drive your imagination

Woza uzohlala nami



Come stay with me

Nasrin Siege • Subi Bosa • Job Mubinya

Imibono okungaxoxwa ngayo: Yini ocabanga ukuthi indlu kumele ibe nayo, futhi yini obungathanda ibe nayo? Uma umngane wakho ekumema ukuba uyohlala endlini yakubo, ingabe kufanele bashintshe indlela abenza ngayo izinto ukuze ivumelane nendlela wena owenza ngayo izinto, noma ingabe wena kufanele ushintshe ukuze uvumelane nendlela yabo yokwenza izinto?

Ideas to talk about: What do you think a house must have, and what would you like it to have? If your friend invites you to stay at their house, should they change how they do things to fit in with your way of doing things, or should you change to fit in with their way of doing things?



“Kunjani, Gogo?” kubuza uTendai.



Granny gives Tendai her favourite flute.
Tendai plays the flute and everybody dances.



Bayalala ubusuku bonke.
They sleep all night.



UTendai uFudu uhlala emanzini.

Tendai Turtle lives in the water.



UGogo unika uTendai umntshingo wakhe awuthandayo.
UTendai udlala umntshingo bese wonke umuntu edansa.




Umngane omkhulu kaTendai nguBusi uNogwaja. Uhlala esihlahleni.

Tendai's best friend is Bunny Busi.
She lives in a tree.



"How are you, Granny?" asks Tendai.



Bayadlala usuku lonke.
They play all day.



“Woza uzohlala nami,” kumemeza uBusi.
UTendai uhlala noBusi uNogwaja esihlahleni.
Tendai stays with Bunny Busi in the tree.
“Come stay with me,” calls Busi.

UGogo woFudu ulimaze igobolondo lakhe.
“Kumele sihambe siyosiza uGogo,” kusho
uMama.



Granny Turtle has hurt her shell.
“We have to go to help Granny,” says Mum.




“Sengingcono manje,” kusho
uGogo emamatheka.
“I am better now,” says Granny with
a smile.

“Sililungisile igobolondo lakhe,”
kuphendula uMama.
“We fixed her shell,” answers Mum.





Umfana onamhlo aluhlaza wayehamba nami.
Wanginika ezinye zezincwadi zakhe. Wangimbathisa
ingubo yakhe yokulala. Wangethula kubazali bakhe.
Wangibiza ngokuthi ngingumfowabo lapho abantu
bembuza ukuthi, “Ubani lo ongaziwa?”
A boy with green eyes walked with me. He shared
his books. He shared his blanket. He shared his family
with me. He called me his brother when people asked
him, “Who is this stranger?”



Izingane zasendaweni yakithi zonke
zazinomama. Omama bethu basitshela ukuba
sivuke sibalandele.

Ngangingenakuphatha ingubo yami yokulala
noma imoto yami yethoyisi. Kwadingeka
ngiqukule umfowethu omncane. Umama
waqukula udadewethu kanye nokudla
okuthile ayekusonge ngendwangu. Sonke
sabaleka ebumnyameni nasekukhanyeni
nangokumemeza, kwase kuba nokuthula.

The children of my village all had mothers.
Our mothers told us to get up and follow
them.

I could not carry my blanket or my toy car.
I had to carry my little brother. My mother
carried my sister and some food wrapped in
a cloth. And we all ran through the darkness
and the light and the screaming and then
the silence.



Inyanga yajikeleza umhlaba izikhathi eziningi.
Umhlaba wajikeleza ilanga izikhathi eziningi.
Kwathi ngobunye ubusuku ngavusa izingane zami
kungazelelewe.
The moon moved many times around the earth.
The earth moved many times around the sun.
Then one night I woke my children suddenly.



Kodwa ukwesaba
kwethu kwakujule
kakhulu futhi
kwathatha isikhathi
eside kunezinkumbulo
zethu. Sake salahlekelwa
ngamakhaya ethu
phambilini ethathwa
ngabantu abavela ezweni
elikude. Sasingazimisele
ukuba aphinde
asilahlekele.

Satshela abantu
abangaziwa ukuba
bahambe. Abanye
babaleka, abanye
bakhubeka futhi bawa.
Abanye bahlala, abanye
bacasha.

But our fear was deeper and lasted longer than
our memories. We had lost our homes before to
people from a faraway land. We were not ready to
lose it again.

We told the strangers to go away. Some ran, some
stumbled and fell. Some stayed, some hid.




Sangamula umfula saya ezweni elikude. Utshani babuluhlaza futhi amaqabunga ombila ovuthiwe kwakungathi ayahleba esamukela. Kweza abantu esingabazi bezosamukela. Basihola saya emzini wakubo. Sadla ukudla kwabo. Salala ezindlini zabo. Nezingane zabo futhi saya nazo esikoleni. We crossed a river to a faraway land. The grass was green and the leaves of the ripe maize whispered our arrival. Strangers came to meet us. They led us to their village. We ate their food. We slept in their houses. We played with their children and we walked with them to school.



Ngabuza umama ukuthi kungani kwadingeka sihambe ekhaya. Wathi kwafika abantu abangaziwa bevela ezweni elikude. Babezwile ukuthi izwe lakithi lalinamadlelo aluhlaza futhi liqhakazile kunelabo, ngakho babelifuna. “Kungani babengacelanga ukuba sabelane nabo ngalo?” ngibuza. Kodwa umama akaphendulanga.

I asked my mother why we had to leave our home. She said strangers had come from a faraway land. They had heard that our land was greener and brighter than theirs, and they wanted it. “Why didn’t they ask to share it with us?” I asked. But my mother did not answer.



Strangers had again come from a faraway land. They came without blankets or food. They came without mothers. They brought only hungry brothers and sisters. They told tales of lightning and thunder that came from the ground and fire that came from the sky. When I closed my eyes, I could see myself, once upon a time of fear and sorrow.

Abantu abangaziwa base bephinde bafika bevela ezweni elikude. Beza bengaphethe zingubo zokulala noma ukudla. Beza bengahambi nomama. Baletha kuphela abafowabo nodadewabo abalambele. Balandisa ngezindaba zemibani nokuduma okwakuvela emhlabeni kanye nomlilo owawuvela esibhakabhakeni. Lapho ngivala amehlo ami, ngangizibona, ngesinye isikhathi sokwesaba nosizi.

Kodwa lapho ngiwavula, ngangibona nje abantu abangaziwa abavela ezweni elikude. Babefuna ukudla nathi nokuhlala nathi emakhaya ethu. Babefuna ukusebenza nathi futhi bayise izingane zabo esikoleni kanye nezingane zethu.

But when I opened them, all I could see was strangers from a faraway land. They wanted to share our food and our homes. They wanted to work with us and send their children to school with our children.

Bungaza I-Afrika!

25 Meyi USuku Lwe-Afrika!



Celebrate Africa!

25 May is Africa Day!

Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Contact us in any of these ways:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Nalibali



Ibukeka kanjani ingelosi?



NguNjabulo Mokoena ■ Imifanekiso nguChantelle noBürgen Thorne

Ngolunye usuku esikoleni, uThisha uJane wabatshela ngezingelosi. USharon wabajabula kakhulu ngalokho ayekufundile kangangokuba watshela unina ngazo zonke izinto ezinhle ezenziwa yizingelosi, lapho nje efika ekhaya ngalolo suku.



“Mama, ibukeka kanjani ingelosi?” embuza njengoba edla i-snack sakhe sangemva kwesikole.

“Angazi, sthandwa sami. UThisha uJane uthe ibukeka kanjani ingelosi?” kubuza uMama.

“Uthe sizoyazi ingelosi lapho siyibona,” kusho uSharon, ekhokha umoya. Wafisa ngathi ngabe uThisha uJane wayebatshele ngokuqondile ukuthi ibukeka kanjani ingelosi. Okungenani uSharon wayezokwazi ukuthi yini okumele ayibheke!

“Awumkholwa uThisha uJane?” kubuza uMama.

“Angazi. Ngizayibuzisa nje ukuthi ngizoyibona ngani ingelosi uma ngingazi nokuthi yini okumele ngiyibheke,” kusho uSharon. Wayeseqeda i-snack sakhe futhi wabeka ipuleti lakhe nenkomishi kusinki ekhishini.

“Ngicela uze uzongisiza sihlanze itafula,” kusho uMama. “Faka amakhasi emifino emgqonyeni womquba futhi ngicela ususe isinkwa.”

“Kulungile, Mama,” kusho uSharon futhi ngokushesha wenza lokho unina ayemcele ukuba akwenze.

Lapho uyise ebuya ekhaya evela emsebenzini ngalobo busuku, uSharon wagijima wayombingelela emnyango. Wathatha isikhwama sakhe somsebenzi wamphathela sona. Uyise wamanga futhi wamamatheka embuka.

“Baba, nginombuzo,” kusho uSharon engamniki nethuba lokuhlala phansi.

“Yebo, sthandwa sami, uthini umbuzo wakho?” kubuza uyise emamatheka kakhulu.

“Baba, ibukeka kanjani ingelosi?”

“Phela, izingelosi zilungile, zinomusa futhi zinhle,” kusho uyise.

“Ngizazi. UThisha uJane usho kanjalo naye. Kodwa engifuna ukukwazi ukuthi zibukeka kanjani ngempela,” kusho uSharon.

Uyise wambuka wayesecabanga isikhashana. Khona-ke wathi, “Ngizophuma nawe ngempelasonto ukuze sihambe siyoyibona.”

USharon wabajabula kakhulu. “Uyazi ukuthi sizobheka kuphi?” ebuza ngokumangala. “Mama!” ememeza. “UBaba uyazi ukuthi singazitholaphi izingelosi!”

“Kwakhle lokho, Sharon. Ngizajabula ukuthi ekugcineni uzothola impendulo yombuzo wakho,” kusho uMama. Wabuka ubaba kaSharon ubuso bakhe bugcwele insini.

Ekuseni ngakusasa etekisini yesikole uSharon watshela bonke abangane bakhe

ukuthi wayezobona ingelosi ngempelasonto. Abangane bakhe bamamatheka ngesizotha ngoba babemthanda uSharon, kodwa babengakukholwa lokho ayekusho.

Wabe esetshela uthisha wakhe ngezinhlalo zakhe zempelasonto. UThisha uJane wamcela ukuba eze azoxoxela ikilasi ngalo lonke uhambo lwakhe ngoMsombuluko.

NgoMgqibelo ekuseni, uSharon wavuka ekuseni kakhulu wenza imisebenzi yakhe yasendlini. Wayesegeza, wagqoka kahle futhi wadla ukudla kwasekuseni. Manje, kwase kusele nje ukuba alinde uyise aqede. Ngokushesha, uSharon wayesehleli esihlalweni esingasemuva emotweni ezifase ngebhande futhi babe sebesendleleni.

“Baba, kukude?” ebuza ngokujabula.

“Sizofika ngokushesha,” kusho uyise emamatheka. Bahamba isikhashana ngemoto ngaphambi kokuba bame ekhaya labathathe umhlalaphansi.

“Safika,” UBaba esho ekhumula ibhande lakhe lesihlalo.

“Ikhaya labathathe umhlalaphansi?” uSharona wadideka. Yini izingelosi ezaziyenza ekhaya labathathe umhlalaphansi?

“Aah, sanibona,” kusho insizwa iza ngakubo. “Kumelwe ukuthi unguSharon. Ngibhale uhlu lwezinto ongazenza ukusiza lapha ekhaya namuhla.” Yamamatheka ibheke uSharon futhi yanika uyise iphepha.

UBaba wafunda lolu hlu. Okokuqala, uSharon wasiza uyise washanela igceke. Base becoca izihlalo ezisetshenziswa abantu abakhulile lapho behlala elangeni. USharon wenza umsebenzi wakhe ngokushesha ngangokunokwenzeka ukuze uyise amthathe ayobona ingelosi.

“Okulandelayo, sizococa ihholo lokudlela,” kusho UBaba. Bashanela futhi badasida futhi bapholisha kwaze kwaba yilapho yonke into icocekile icwebezela.

Ekugcineni, kwase kuyisikhathi selantshi. USharon noyise bageza izandla nobuso futhi baya ehholo lokudlela. Belapho uSharon wasiza ngokuphaka ukudla futhi wajabulela ukuhlala nawo wonke umuntu njengoba babemxoxela izindaba zakudala. Babuye badlala nemidlalo edlalwa ebhodini. Khona-ke omunye ugogo wathi kuSharon, “Uyingelosi enhle yazi,” futhi wamanga ngemfudumalo.

“Ungubani igama lakho, ingelosi yami?” kubuza omunye ugogo.

“NginguSharon,” waphendula emamatheka wayesegijima eya kuyise.

“Ogogo bangibize ngokuthi ngiyingelosi. Ngase ngikhumbula ukuthi bekumele ungibonise yona namuhla, Baba,” esho.

Uyise wamamatheka futhi wakhomba izithunzi zabo esibukweni esasiseduze nabo. “Sharona, ibukeka kanje ingelosi.”



USharon wazibuka okwesikhathi esithile futhi wamamatheka. Wayengeve ejahile ukuya esikoleni ngoMsombuluko ukuze ayochazela abangane bakhe nothisha wakhe indlela ayekujabulele ngayo ukwenza umsebenzi omuhle wokuba yingelosi.

Yenza indaba ibe mnandi!

- ★ Ucabanga ukuthi izingelosi zibukeka kanjani? Dweba isithombe sengelosi. Sika futhi unamathisele izinto ezizoba yizimpahla novolo noma imicu yezinwele.
- ★ Bhala inkondlo esitshela ngalokho okucabangayo ngezingelosi.

- ★ Yenza ujeke onombhalo othi “Ngiyingelosi yakho” uwenzele umuntu omthandayo. Cela lowo muntu ukuba afake kulo jeke iziqeshana zamaphepha ezibhalwe izinto ezilula – njengokuthi *Ngenzele inkomishi yetiye* – angathanda ukuba umenzele zona. Kangingi ngangokunokwenzeka, khipha isiqeshana sephepha bese wenzela umuntu omthandayo okuthile okuhle.



Drive your
imagination



What does an angel look like?

By Njabulo Mokoena ■ Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne



One day at school, Teacher Jane told them about angels. Sharon was so excited about what she had learnt that she told her mom about all the good things that angels do as soon as she got home that day.

"Mom, what does an angel look like?" she asked as she ate her after-school snack. "I don't know, my darling. What did Teacher Jane say an angel looks like?" Mom asked.



"She said we would know an angel when we see one," Sharon said, sighing. She wished that Teacher Jane had told them exactly what an angel looked like. At least then Sharon would know what to look for!

"Don't you believe Teacher Jane?" Mom asked.

"I don't know. I'm just wondering how I will recognise an angel if I don't know what to look for," Sharon said. Then she finished her snack and put her plate and cup in the kitchen sink.

"Come help me clean the table, please," said Mom. "Put the vegetable peels in the compost bin and please put the bread away too."

"Yes, Mom," said Sharon and immediately did what her mother had asked her to do.

When her dad came home from work that evening, Sharon ran to greet him at the door. She took his work bag to carry it for him. Her dad gave her a hug and smiled at her.

"Dad, I have a question," Sharon said without giving her dad a chance to sit down.

"Yes, my dear, what is your question?" her dad asked with a big smile.

"Dad, what does an angel look like?"

"Well, angels are good, kind and lovely," her father said.

"I know. Teacher Jane said that too. But what I want to know is what they really look like," Sharon said.

Her father looked at her and thought for a while. Then he said, "I will take you out over the weekend so that we can see one."

Sharon was very excited. "You know where to look?" she asked in amazement.

"Mom!" she shouted. "Dad knows where to find angels!"

"That's wonderful, Sharon. I'm happy you will finally have an answer to your question," Mom said. She looked at Sharon's dad with a big grin on her face.

The next morning in the school taxi Sharon told all her friends that she was going to see an angel on the weekend. Her friends smiled politely because they like

Sharon, but they did not believe what she said.

Then she told her teacher about her plans for the weekend. Teacher Jane asked her to come and tell the class all about her adventure on Monday.

On Saturday morning, Sharon woke up early to do her chores. Then she bathed, dressed neatly and had breakfast. All that was left, was to wait for her dad to get ready. Soon enough Sharon was buckled into the backseat of the car and they were on their way.

"Dad, is it far?" she asked happily.

"We'll be there soon," he said with a smile. They drove a little while longer before stopping at a retirement home.

"Here we are," Dad said taking off his seatbelt.

"A retirement home?" Sharon was confused. What were angels doing at a retirement home?

"Aah, good morning," said a young man walking towards them. "You must be Sharon. I've drawn up a list of things that you could do to help out at the home today." He smiled at Sharon and handed a sheet of paper to her dad.

Dad read the list. First, Sharon helped Dad sweep the yard. Then they cleaned the chairs that the old people used when they sat in the sun. Sharon did her work as quickly as she could so that her dad could take her to see an angel.

"Next, we'll clean the dining hall," said Dad. They swept and dusted and polished until everything was sparkling and clean.

Finally, it was lunchtime. Sharon and her dad washed their hands and faces and went to the dining hall. There Sharon helped to serve the meal and then enjoyed sitting with everyone as they told her stories from long ago. They also played some board games. Then one granny said to Sharon, "You're such an angel," and gave her a big hug.

"What is your name, my angel?" asked another granny.

"I'm Sharon," she answered with a smile and rushed off to her dad.

"The grannies called me an angel. Then I remembered that you were supposed to show me one today, Dad," she said.

Her father smiled and pointed to their reflections in a mirror nearby. "Sharon, that is what an angel looks like."



Sharon stared at herself for moment and smiled. She couldn't wait to go to school on Monday to explain to her friends and teacher how much she enjoyed doing the good work of being an angel.

Get story active!

- ★ What do you think angels look like? Draw a picture of an angel. Cut out and paste material for the clothing and wool or string for the hair.
- ★ Write a poem that tells us what you think about angels.

- ★ Make an "I'm your angel" jar for someone you love. Invite that person to put little notes of easy things – like *Make me a cup of tea* – that they would like you to do for them in the jar. As often as you can, take out one of the notes and do something nice for the person that you love.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

Ungawakhumbula yini amagama awo wonke amazwe ase-Afrika? Wabhale ezikhaleni ebalazweni elingezansi.

☉ Bhala amagama wamazwe amaningi kangangokunokwenzeka ngepeni lomsizi, bese uwahlola ebalazweni elisekhasini 13. Phinda ubhale amagama ngepeni likayinki.

Can you remember the names of all the countries of Africa? Write them on the blank map below.

☉ Write the names of as many countries as you can in pencil, then check them on the map on page 13. Rewrite the names in ink.

2.

Wafake imibala amazwe usebenzisa le mibala:

INingizimu Afrika – blue

Congo – obomvu

Madagascar – oluhlaza

ITopiya – yellow

Nigeria – orange

Libya – brown

Zikhethele imibala oyithandayo kula mazwe asele.

Colour the countries in these colours:

South Africa – blue

Congo – red

Madagascar – green

Ethiopia – yellow

Nigeria – orange

Libya – brown

Choose your own colours for the remaining countries.



Copyright© worldmapblank.com

3.

Wamise kahle amagama ukuze uthole ukuthi yiliphi izwe elifanelana nesithombe.

IZWE:

NIUZMINIGI KIFARA

HITIBHGIE

LAIM

SCARADAMAG



Unscramble the letters to find out which country fits with the picture.

COUNTRY:

UTHOS IFCARA

GETPY

LAMI

SCARADAMAG

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

EASTERN CAPE
RISING SUN

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your
imagination